
2

# UKULUNGISELELA INHLABATHI: JULY - AUGUST


Umeluleki baxoxisana nomlimi ngezidingo zokukhiqiza ummbila.






Umeluleki kanye nomlimi bese bekala indawo bafake nezinombolo.






Umeluleki kufanele ahlole ukushona kwenhlabathi bese ethatha imiphumela yesitshalo esandulela esizotshalwa.






3

# UKULUNGISELELA
## KUYAQHUBEKA

Thatha amasampula enhlabathi, akabe u 25 ajule ngama centimitha angu 15






Xuba, gcwalisa ifomu bese ulithumela e-Cedara nemali.




Linda imiphumela yenhlabathi nokuthi kudingeka umanyolo ongakanani.




Usalindile faka umquba ensimini.



Lungisa izingcingo bese.



Ulungisa ozosebenza ngakho.




Uma usuthole imiphumela e-Cedara, umeluleki uyo


- luleka ngokukhiqiza ummbila.
- aluleke ngo kalika, nomanyolo kanye nembewu edingekayo (uhlobo kanye nenani)



4

# IZITHAKO EZIDINGWA INHLABATHI - SEPTEMBER

Landela izincomo, uthenge ngo kwezidingo.





Uma kudingeka ukalika ufake esikhathini esingangenyanga ngaphambi kokutshala.




Uma umlimi engathandi ukufaka umanyolo emgqeni angasebenzisa umshini wokutshala noma wokufafaza umanyolo.




Qoba noma ulime ngokujulile uhlanganise ukalika nenhlabathi nomanyolo.



Linda imvula



5

# UKUTSHALA

## OCT - NOV


Ummbila ungatshalwa ngegeja lesandla, ngomshini odonswa yizinkabi noma ugandaganda.







Tshala ngesikhathi esifanele ukuze uthole isivuno esiphezulu 15 Octoba kuya ku Novemba 15.




Bheka inhlabathi ukuthi inomswakama owanele yini ngaphambi kokutshala.



Uma usebenzisa umanyolo sebenzisa nembewu ehloliwe umeluleki uzokutshela izinhlobo ezinhle kakhulu ongazitshala.





Ukuthenga ngesamba nokubambisana kushibhile.

Ungakhohlwa ukusho usayizi wembewu owudingayo:


- **Usayizi 4F : 12kg ngehaktha**
- **Usayizi 5F : 14kg ngehaktha**

# UKUTSHALA
## KUYAQHUBEKA


Ungalokothi uhlanganise umquba, nomanyolo kanye nembewu uma utshala ngomshini



Ungalokothi ufake imbewu eningi ngoba wenzela umswenya ukuthi udle uze ukhathale.




Ukuqhelelana




Sebenzisa amapuleti okutshala alungele usayizi wembewu.

Ukujula kwemisele (akungeqi eminweni emine).



Landela ubheke ukuthi kutshaleke ngendlela efanele.



Ukutshala ikona okubalulekile, kwenze ngendlela eseqophelweni eliphezulu.



# 7 UKUBHEKANA NEZINAMBUZANE NEZIFO

UMSWENYA:

Inani lawo liyancipha uma insimu yakho ingenalo ukhula ngaphambi kokutshala.



Uma ubona isidingo faka umuthi wawo emva nje kokutshala.





Noma ufuthe ngesibulala nambuzane esisemthethweni.



ISIHLAVA:

Faka umuthi wesihlava uma ummbila sewufika emadolweni.



**ISIFO I-GREY LEAF SPOT:**



Tshala uhlobo lwembewu olumelanayo nezifo noma ummbila obhasteliwe






usebenzise umuthi wezilwanyana.

# 8 UKUVIKELA UKHULA NOKU= FAKA ISIKHUTHAZAKHABA

Uma ngabe ukhula luseluncane, luhlakule ngegeja lezandla noma ngesikofolo sezinkabi.

Hlakula okungenani kabili uku= gcina umhlabathi ungenakhula izinyanga ezimbili zokuqala.



Noma chela isibulala-khula ngesifutho, esibelethwayo noma esixhunywa kugandaganda ngosuku lokutshala.




cela usizo kumeluleki.



Funda imithetho



Kala isifutho kahle

Ukungalandeli indlela efanele yoku= sebenzisa isibulala khula kungali= maza ummbila futhi siholele ekulahlekeni kwemali.



Uma ngabe ummbila usu= phakame kangangedolo faka isikhutha= zakhaba i LAN.




9

# UKUVUNA NOKUGCINA ISIVUNO

Inyanga yokuvuna ilawulwa:

A) Uhlobo lommbila olutshaliwe



Imbewu yesizulu

noma




Udayiswa njengo mmbila:

wesikhathi esifushane, esiphakathi nendawo noma emva kwesikhathi eside


B) Usuku lokutshala:

Ukushesha utshale kunikeza isivuno esikhulu futhi uvune masishane.







Ukutshala sekuhambe isikhathi kwehlisa isivuno futhi kamuva. (buka ikhasi lesihlanu)







Okukukhombisayo uma sekufanele uvune, kofanele ubheke ngaphansi kohlamvu lommbila.




Gcina ummbila wakho endaweni eyomile neshaya umoya.




10


# UKUKHETHA UKUNGALIMI

Uyodinga:


Imithi yokubula ukhula.





Uma insimu ingawudingi ukalika.




Futha ukhula ngo October usebenzise inkomishi eyodwa yomuthi i-Roundup emanzini angamalitha angu - 20




Ukhula olufuthiwe luyokufa emasontweni amabili.



Uma kusekhona ukhula olubonayo phinda ufuthe futhi.




11

# UKULIMA EMHLABATHINI ONGAPHENDULWANGA


Lindela imvula



Tshala ngomhlaka 15 October kuya ku 15 November.




Faka umuthi i-LASSO inkomishi eyodwa ku 20 litre wamanzi.



Ukulwa nomswenya, faka u 20ml womuthi i-Cypermethrin ku 20 litre hlanganisa nomuthi i-LASSO noma faka umuthi womswenya emva nje kokutshala.






Hlakula lonke ukhula oluvelayo. Gcina insimu ihlanzekile ingenalo ukhula.



Faka isikhuthazakhaba nomuthi wenhlava uma ummbila usungangedolo.

